ISAZISO KUBATATI BE "LANGA"

Niyaziswa nonke nonyaka nje ukuti umuntu ongakokile imali yake yepepa yonyakalo esizongena kuwo u1916 ngapa mbi kukaDec. 31, 1915, ipepa ayulitola. Sixolisa ezihlotshani zetu ezetembekile, nesingangabazi ukuti ziyokoka, nesaziyo ukuti ziyokuzwa ubuhlungu ziti po, umnini we Langa ubengaze alitqamle nakimi na?

Ake nginitshele loku bakiti. Ipepa okucindezelwa kulo izindaba njengoba seku isikati sempi nje lifakeme ngento emangalisayo emanini, nxa nina zihlobo zami enginetembayo imali yenu ningayikokile pambili, ngingeke namandh'a okutenga ipepa nje ngobo lwalo, okushicilelwa kulo izindaba ngingasabali izindhleko ezinye zezisebenzi nezitembu nokunye.

Empeleni nje kona umteto wamapepa ukuba imali yawo ikokwe pambili. Ngokuyeket sa kokuba abanye sibatemela bengakakoki, sifunyanisa ukuti iuxeaye yabo enkulu nanamhla kayikakoki.

Labo siti abakoke kona manje singaze sibadumaze ngokubayisa emacaleni.

ISAZISO NGESKOLE SAS'OHLANGE

Bonke abantu bayaziswa ukuti bekuyisifiso sabapati bes'kole sas'Ohlange ukuba bavule inxenye yeskole samantombazana ngokuqala kuka Feb. 1916, kepa ukubiza kwezinto nokudhla ngalesi sikati sempi, kuvimbile. Singenelwa ukungena ezindhlekweni ezinkulu. Sekoze kudhlule impi kuqala, kubohie amanani ezinto. Izindhleko esizesabayo ukufaka impahla yonke endhlini yabantwana, imibhede, amatafula, izihlalo, okokwendhlala, amalampu, upahafini, ukwaka ikishi elisha, nendhlu yokugezela, neyokuya ngapandhle, notisha abasha nabalusi bamantombazane. Njengoba kusemi kanje akenixole zihlobo kudhlule loludweshu.

Enye into epatelele eskoleni indaba entsha esifana ukuba abafana abeza lapa ngo Feb. 1, 1916. bayiqonde nansi:-

1. Bafike bepete imali yeskole.
2. Bonke nakade babefunda lapa batshele abazali babo ukuba benze isicelo situnyelwe kuPrincipal, Ohlange Institution, Phœnix, Natal.

Bacele ukuba umfana ufisa ukungena eskoleni, isicelo leso situnyelwe ne card yake apase ngayo ku Dec. 1915. Nxa loku kungenziwa ningamangali nxa abafana benu befika, babuyiselwe emva.

Sifisa ukuba sibazi ngapambili abafana abeza eskoleni sibalungisele indawo, siqonde nokuti lapo bebekona bebequba kanjani.

Ilanga"—Lipuma masonto onke ngolweSihlanu.

Inkokelo.—Osheleni abaishuminantatu ngo nyaka wonke Ikokwa kuqala. Yonke indawo libiza le mali.

Ukulinqamula.—Nxa umuntu efisa ukuliyeka masazise nga pambili, nxa etule uyalibiza.

Ukutunywa Kwemali.—Mayitiwe payable to Rev. JOHN DUBE ngeCheque noma Money Order wePosi, incwadi equkete yona itiwe registered Izitembu asizifuni.

Izincwadi.—Maziqondiswe ku Rev JOHN DUBE, OHLANGA PHŒNIX, NATAL.

UMhleli azi misele ukutwe swa icala ngoku bbalwe ababhaleli kupela okulotshwe nguye.

"ILANGA LASE NATAL"

OlweSihlanu, January 28, 1916.

Umuntu Ofele Kwamlungu.

SELIFIKILE izwi elipuma kuMmeli owanikwa iriaba yakwa Tabete ukuti abe iso lendhlu emnyama, ti ummeli wakwomkulu elivalile icala; kavumi ukuba litetwe. Pela uselicitile kaliseko namhla. Kakuko muntu namhla onamandhla okuba abuye aliqube.

Kungumteto wamaNgisi ukuba uAttorney-General abenamandhla okanqaba ukuba aliqube icala abuka ukuti kaliyeke. Akuko banike ongabuya atini ngalo.

Kasikuqabuki loku inxa kufe umuntu kepa ukufa kwake kwabuzeka ngakumlungu, ukuba anqabe uAttorney-General ukuba aliqube icala. Esifundeni sase Mshwati ngo 1895 umlungu wadubula umuntu. uAttorney-General (Kwa ku ngu Manzekofi ngaleyo nkati) wala ukuba abekwe icala umlungu. Namhla lomntwana wentombazana afele emnyameni, ufele kwamlungu; umlungu wabanjwa ngokuti kubonakala ukuti kuhle ake aze alande adelise umteto ngokufa kwalentombazana. Nakuke kanti kungakafiki kulelo langa selicitwa icala.

Ngokuba kakayincomi yonk'ummeli—uMr. Dickinson—kasikabi nakuqonda luto kakulu kulendaba. Kepa loku umhlomeli wezindaba oliso le Congress, uMr. Selby Msimang, esobala kangaka kuyo yonke lendaba loku ipetwe ibona, kasisayikwanda namazwi sesiyekela yena loku esobala kangaka ukuba aze ayetule kuCongress; izwakale kahle. Napezu kokuba sikwazi ukuti kungumteto ukuba ayicime ummeli wakomkulu indaba inxa ebona, kodwa kasinakuyeka ukubuka ukuti lommese ubukali nganhlanye; ngoba kasikalizwa lapa umuntu ebulele umlungu, alicime nalo elinjalo.

Ngapandhle kokuba kube kufele umuntu omnyama emzini womlungu ku indaba yona leyo, kepa okukulu kakulu ukuba amantombazana apendake izixebe zabelungu kube ubuhle nje; nalapa sebewazalisa kube ubuhle nje, aku indaba levo enkulu yokuba ihlalelwe pansi icatshangwe ikulunywe kakulu futi. Umteto uyamvikela owesifazana omhlope. Kanjani ukuba omnyama ungamvikeli yena? Noma indaba yakwa Tabete icimile, kodwa ifanele ukuba ishiye ivule amehlo enhliziyo kubantu ngokuti kuyini ukuba umlungu oncle pansi owesifazane omnyama umteto ungasho luto; omhlope umvikele.

Umhlangano Wabalandeli Baka Gen. Botha.

Lomhlangano ube uhlange e ePretoria ngelidhlule, njengokuba uhlala uhlangana. Pakati kwawo uGen. Botha ute noma kambe abamlandelayo bengebaningi ngokudhlule kakulu ngapezulu kwamanye amabandhla omPakati, noko baningi ngokwanele ukuba baqube um, sebenzi wohlangoti lwabo kuze kupele isikati sabo (iminyaka emihlanu.)

Kepa amanye amaBhunu akusole kakulu ukuba kukona ambuka umBuso. Amanye ati akukuhle ukuba kube kusadedelwa nelilodwa elise ilongweni manje. Ati inxa ungaqiniswa umteto kwezinye izifunda kawamelwe sibindi sokuti ukutula kukona kulezo zifunda. UGen. Botha wati lapa esependula lawo magamu, qa inxa kukona utuli oluvelayo kumbe ukukuluma okubi, kuya ituliswa ngesandhla esinamandhla. Wati naye uyabona ukuti kwezinye izindawo kakukokutula, kepake napezu kwaloko yena ukuqondile ukuba akupelise okunjalo noma kuyini kungakanani. Wati ekulandula okusoleka ezinkulumweni zika Gen. De Wet evuma ukuti wazela ukuba ahambele esihlotsheni sake esise Dewetsdorp, wati kodwa amanye amazwi ake, noko kazi uba utini ngamazwi okuprofeta akupatayo uDe-Wet.

Ucitshu Kadhliwa.

Kulezi zinsuku ezidhlule lapa kube kusetshenzwa kakulu ukuba kutolakale ababhala amabizo abo esicelweni esikulu, esinxusa umPakati ukuba wenze umteto wokuvimbela ukusebenzelana namaJali.

Ngolwesibili lwesonto elidhlule kwabe kulilanga lomhlangano omkulu eTekwini. Omunye umlungu kulowo muhlangano wakuluma ngamazwi encwadi eyabe ibhalwe yahlakazwa pakati komuzi ngalo lolo suku; iti uHon Joseph Baynes walile ukuba afake ibizo lake kuleso sicelo, ngokuba etengana nawo amaJali.

Ekuhlakazekeni kwawo lowo mhlangano aliclungu abatile ababelinde ukukwela ematilamini bake bati abasus'atuli endhlini yokudhla elotshwe ibizo lalo mnumzana. Kwapumelela umlungu opuma eJohannesburg ngemsindo wokuti abapume abasebenzayo. Amapoyisa ambamba lowo mlungu ayakumvatela. Ecaleni uzamile ukupika loku okushiwo amapoyisa, noko lamlahla: wahlauliswa £5, inxa engenayo aboshwe inyanga namasonto amabili.

Kuzwakala ukuti wati lapa uMr. Baynes ebuya ngesitimela samanzi ngase Koloni owesifazana otile, angamaziyo, wanxusa kuye ukuba alobe ibizo lake kuleyo ncwadi, kepa lomnumzane wati angelilobe kulesi sicelo ngoba sididiyela nje onke amaJali; kanti kukona as'akonza kuKing atengisa kubo ngakulimayo nobisi lwawo. Kungaba kuhle inxa isicelo sahlukanisa. Lowo wesifazane wapambanisa ukukuluma wati uzwelana namaJali yena. Atukutelake amaNgisi ngaloko. Noko sekupelile ngoba ecasisele.

Obulele Abafana Belele eSamseni.

Kute abafana ababili belele eSydenham. abasebenza ku Mr. Smith, kwangena umuntu wagaula omunye ngembazo ekanda, wafela kona lapo. Wabuye wahlahlela omunye futi; wamshiya enesihlwati, walahla imbazo pansi, yabaleka.

Amapoyisa kwasa ebamba uKukoka, obesaqeda kuba necala enkantolo, umfana wafakaza kulo, elahla yena. Like langena ngoMsombuluko, labuyeselwa kozayo.

IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

Ngolwesitatu lwelidhlule sati lapa isitimela samaflaba sise Malvern kwapuma inqol'ezisitupa zaso endhleleni, ngaloko isitimela esabe sehla eMgu'ndhlovu, sitwele abantu, esifika ngo 10. 30 kusihlwa eTekwini, saze safika ngo 12. 30 ebusuku.

—:o:—

U Rev. M. M. Kuzwayo, wase Mfanefile Memorial, uke watokoziša abas'Ohlange ngebandhla lake lesigubhu kusihlwa ngolobutatu. Bayabeta impela batsho kabi impela. Kakusimangaliso inxa bebukali kangaka loku b holwa umfo wabo ka Mfundisi omncane uMbulaleni oyinyanga yemitshingo.

—:o:—

U Mciteni owabulala uNkunzana wagwaza umnewabo wacishe wambulala, uhlauliswe £15 kupela, laba abase Groutville, babe banga intombi. Abakubo kalo owabulawayo, batukutele batelwa ngamanzi, ukuti umuntu ebulele omunye ahlauliswe u£15 nje. U Chief Martin Lutuli ubekona ecaleni ngokuba wabizwa ebusuku ukuya kobona isidumbu.

—:o:—

Sike sabona no Mr. no Mrs. Geo. Champion, aotitsha base Verulam eTekwini, behamba ngobuhlungu bwenkosikazi isize kublula kuDr. McCord ngolobuhlanu oludhlule.

—:o:—

U Rev. Joe Gobhozi, umfundisi wase Fafa, ute lapa esependuka eNanda emhlanganweni wabefundisi, ngolobune oludhlule, wahlatshwa isisu. Ute uba afinyelele eTekwini waya kusibhula ku Dr. McCord. Hayike lite lishona ngolobuhlanu wabe esencono.

—:o:—

Icala lomlungu owanyatela umuntu ngemotokali, wafa, ngoSeptember odhlule libe lizukuzwa ngolwesitatu lwelidhule, kalanqunywa lalindiselwa olobuhlanu.

—:o:—

Umlungu wase Krugersdorp wati lapa ezwa omunye eti kukude lapa ehlala kona, uza ugoduka ngezinyawo, wati kuhle asale esclala kuye. Bala walala umngane waka lowo. Kute kusa kwase kumuke isikwama sake uGrady—loku pela libizo lomlungu wase Krugersdorp leli—esabe sinamashumi amatatu aweva ngesitupa saopondwe, sabe singaseko; naye esopa kakulu, engasenamandhla. Usebanjiwe obelele kuye.

—:o:—

U Dotela oliJapan wati lapa engena ehotela eCapetown ukuba atole ukudhla bala ukumnika, ngoba engemlungu. Amapepa akona ayasola kakulu loko ngoba amaJapan abantu abafundile kakulu, futi bayezwana namaNgisi.

—:o:—

UmIndian wahlahlela omunye ekanda ngesimolotshisi eHilton Road, ngaloko uhlauliswe opondwe ababatu ngako umtetimacala Talbot eMgu'ndhlovu.

—:o:—

Ngolwesibili nangolwesitatu lalibalele kabi lapa enzansi, kodwa lite lapa lishonayo laguqubala ngolwesine.

—:o:—

Ekupeleni kwafesi skole esiza ungena ngo February uMr. Josiah Mapumulo, utitsha omdala onesikati eside efundisa Empolweni uya upumula ekufundiseni, abuyele endaweni yake ngase Mnambiti. Okuhle, Mpumulo.

—:o:—

Umlungu owahamba esitubheni ngesondo eMgu'ndhlovu, wahlauliswa ishumi laosheleni.

—:o:—

Ute lapa umlungu elika eposini ngebashi ngolwesitatu, eMgu'ndhlovu lawa naye, wapuma wema ngekanda, wahluzuka ebusweni wapuka eqakaleni. Bamtwala bamyisa esibhedhlela.

—:o:—

Kulelisonto elidhlulileyo uMr. J. M. Shibe beno Mr. B. M. Mseleku no J. Dhlamini bebeyekubona uJ. M. Shibe eModder "B"

Njengokuba pela ubekude eyodhla uKisimusi kwela kubo eMzumbe.

—:o:—

I Bhunu elibulele umuntu ku Railway works yase Bloemfontein lisatiwa (bail) ladedelwa ukuba linga eboshwa lisa linde icala. Kwatiwa alibope £10. Kodwa umuntu wapela kona lapo wafika udotela esepolile

—:o:—

U Gundana ulahlwe icala lokuba ati lapo efuna iPasi lokuya eJozi akipe incwadi yesimilo esengati ibhalwe inkosazana epete isikele samantombazane abelungu ku Gale St., eTekwini, kanti uyibhalelwe intombazane yomuntu. Kutiwa isandhla esasiyilobile sasishle kakulu kungeso muntu ofundisiwe; kodwa wona isipiki. Okuyikona bembambe ngako. Kutiwa makahlaule ngopondwe abasihlanu, uma ebahlonga amasonto asitupa ejele nomsebenzi onzima.

—:o:—

U Mzijani ugqabuke ngeSonto kusasa eMgu'ndhlovu endhlini yake, kukona indodana yake enkulu uMr. Percy Shepstone, oyinkosi yase Eshowe, kanye nonina nodade wabo. Umfo wabo owelama lona ushone nyakomunye, wafela esitsheni sokugeza, eye kugeza ekukeni kwake.

Ezempi.

Sizwa ukuti sekukude buduze since sizizwe ezase East Africa, ngoba induna enkulu epete impi uSir Smith Dorrien, usekulo Jeli laneno; nayo impi yake se igqibelene kona. Pela kakusiyo indhlela ukuba ukungena kwayo emkunjini iyakona side sikubala. Kuningi esikwaziyo, kodwa ke asinakukulanda, ngokuba funa sibe sivezela abafo abangakwaziyo.

Ngo January 21, ngolobuhlanu oludhlule, amabuto ka King aye afinyelela eMbuyeni, indawo ekona eEast Africa.

Izimvula sezitiye impi ngobukulu bazo eNyasa.

Induna enkulu uMr. Lloyd George, opete izindaba zokukandwa kwezikali eEngland uti impi yabo inkulu kakulu manje, ngaloko namaJali aseza ukuzwa isisindo samaNgisi. Futi ngokuhlona iza udhlula zonk'izizwe.

Umhlangano walabo ababezama ukuti makuhlanganiswe izwi lokuba kupele impi, ucitwe ngolukulu utuli eEngland.

Izimvula pesheya zinkulu kakulu, umfula omkulu iTigris se uhamba ezintabeni.

Ucingo lweza pesheya luti kukona izidumo ezika loku zivela kwelamaJali, abesifazana babiza ukudhla. Sez ziningi izidumo zako loko. Lapa amapoyisa ebahlakaza abasebenza umbonda omkulu ngoJanuary 12, ababulala abanye, abanye baba izinkubele.

Lipela nje lelisonto sekuzwakele ukuti amaNgisi aseqambe izibuko lesitatu eGreece; loku bekungelas'eSalonika kodwa asebuya ewela ngelas'ePeraeus, nelas'eCorinth. Ngelanamhla sizwa ukuti abafo kuyabadida loku, sekubuya besombulula amasu abo abase bewamisile okukaka impi eseSalonika.

Loku isitimela esisuka kwelamaJali siya eConstantinople, sibe sesivalelekile impi ebe isemkatini, namhla sesiyagijima ngokuba amaJali abasusile ababewavimbele endhleleni.

Isikulu saseJapan siva kupuma ngo April, siqonde eRussia since sidhlulele kwelamaNgisi, sihamba ngodaba olukulu olutile oluhlosiwe.

Sekuhlale kwahlala amabuto ku iloku aqugubala esikanisweni, ede eponsana ngezimbumbulu zika mbaimbai nje, aze azidela amaJali apumela pandhle ngolobutatu lwelidhlule agasela eyama French ngesonto elidhlule eChampagne. Songati abe eze ngezinkani futi. Eza kweyamaFrench ihlezi iwahlomele ngombaimbai loku nokukomba kwawo futi kubatshazwa kakulu. Onke amasosha apumayo esikaniswelni kawabuyelanga kuso futi, acekelwa pansi onke. Izidumbu zagingqika izintabana zonkana.

Kukona izitombe eziza ufika lapa eSouth Africa zokuboniswa emabioscope zempi yamanzi neyomhlaba yamaNgisi, kubonakaliswe angakwenzayo.

Loku site lipuma "Ilanga" lelidhlule kwakuzwakala ukuti isizwe sase-Montenegro sitelile kumaAustrian, kubuye kwapela loko. Zibuye izindana zempi zakupupisa loko zati ziya ukwahlulwa ngezikali. Ngaloko iyalwa futi. nenkosi yaseMontenegro seiqatshele eItaly. Bahlulwa ukuba kutiwe abebelwa bayaudingiswa bonke kanye nabesifazana ababekutele beyisela abayeni babo ukudhla nokwenza eminye imisebenzi yokusiza amabuto.

Ate lapa amaJali efuna ukutenga ukudhla okugcwele izinqola ezimashumi mahlanu eRoumania, kwatiwa akuyikutolakala inxa imali ingakishwa ekwetulweni kokudhla.

Se ike yagasa eyamaNgisi ebhekene namaJali eFrance, kepa asikezwa okwenzekile kakulu.

Loku kube kudida ukwenza kwabase Montenegro, ukuba kuti lapa kusezwakala ukuti batelile, kubuye kupikeke, namhla sekutiwa kanti base bexiniwe izita; ngaloko batshaya abatelayo, kanti bafuna ukutola ituba lokuba balunge. Namhla sebelungile ngaloko kutiwa balicitile iviyo lamaAustrian elibe liwagasele amaMontenegro.

E Caucasus ike yabambaua eyamaRussia kanye neyamaTurks, kepa ashesha amanzi agebela ngakweyama Turks, sekunjalo ahlakazeka imimangwana yonkana; ashiya nezikali kwabanje, ehamba eyabazela. Hayike nawo amaRussia akipa eyamahashl ukuba ayinqamulele ngapambili. Balake leyo ifike yawanquma pakati amabuto aqede inkulungwane eva ngamakulu amahlanu.

Kulowo muzila wamaNgisi okupuka ngeyase Mesopotamia kute lapa lishonayo ngo Jan. 19, wayiviva umfo wakona wayipaka ukuba iye kususa amaTurks abe esenze izikaniso kona pezu komfudhlana otela kulowo omkulu iTigris. Balake lelo viyo lamaNgisi elaqonda lapa lafike lawakipa amaTurks. Akukula pakati kobusuku ahamba indawo opele amamayela amahlanu.

Olwandhle olutiwa iAdriatic kuwele kona umkumbi ondizayo wamaAustrian, kanti nanku oshumayo wamaNgisi se ukona lapa wase uya ulimaza njalo uyafa owase Austria.

Imikumbi eshumayo yamaRussia se icwilise emashumi amane yezita ehamba eBlack Sea.

Imikumbi yamaNgisi emibili i"Trematon" ne "Sutherland" ibulewe eyezia eshumayo.

U Mzijani Kaseko!

Ukugula kuka Mzijani ka Sonzica okusaqeda kuzwakala lapa e"Langeni," kabuyange alulame kuko, udhlule ngeSonto elidhlule kusasa, kwasa elahlwa ngoMsombuluko.

Sizukulwane esincane esingadinga ibizo lika "Mzijani." Kubo bonke abantu asebekulile, kako ongadingayo ukuti konje ngubani lowo inxa kupatwa ibizo lake. Abako abamhlope abebedume pakati kwabantu, njengoba bekudume oSomseu, Mzijani, no Gebhuza. Bedume ngakona ngokuba kwaku iwona makosi abe epete indhlu emnyama. Iloku kwasuka izandhla zabo namanje ziyakaleleka uqobo, kasinatemba nelokuti kobuye kulunge.

Pakati kwezikundhla ake wazipata ezokukumusha eMgu'ndhlovu, kwazise ulimi wabeluqedile lwabantu. Waqala ukuteta amacala eMgu'ndhlovana nasePikinini. Waba umPati wezindaba zabantu, wabuye waba lijaji lenkanto enkulu yabantu; isikundhla ate epumula wabesipete.

Wabe iyinkosi ngenhliziyo yake kungayi ngoba epakanyisiwe nje, njengeningi labelungu. Wabe eyazi ngeqiniso imiteto yokuhamba kwabantu. Kako oyaziyo njengaye, ngapandhle kuka Lubhembedu. Ufe eseqede iminyaka e 89, yobudala bake.

Upose Wambulala.

IBhunu lase Volksrust linecala lokuba latshaya umnakwabo ngevolovolo engalweni.

Lalihlezi lixabana nomkalo njalo igama lalo, uKrogman. Lite ngolunye usuku lifika lati kumkalo mapume ahambe. Bala atate abantwana ahambe, loku sebeneminyaka elishumi batatana. Apume owesifazane aqonde kwamkwenya wabo pakati komuzi eVolksrust, ngoba bona bangapandhle. Ayeke afike kwa Erasmus.

Ngomuso afike uKrogman ati uyakuluma kumkake owesifazane angapenduli, aze ahambe ance abuye. Esebuya apinde sona leso owesifazane. Manje esefika okwesitatu kusihlwa abeselwa. Ivolovolo abelipete lupume uhlamvu lutshaye umnakwabo.

Sebetelelene amanzi nomkake.

Impi Pakati Kwabantu.

Sizwa ukuti ngase Mgu'ndhlovana, eMuden, kulwe amaKabela odwa, kwafa abantu abaningi, nezinkubele zininginoi futi. Aonongqai sebelande abalwile, bepelezelwa inyanga yakomkulu—Kayikezwakali kahle indaba yonke.

Isiboshwa Usipuhle Ngomkonto.

Zite iziboshwa zisebenza pakati komuzi eMgu'ndhlovana, esinye sahlambuluka ngejubane. Bati mahlayana mahlayana saqinisa, elomlungu ipoyisa elipete isibhamu lihle litiyeke ukudubula ngoba nanti limbona osiboshwa ebaleka pakati kwabantu. Hayike sihle siqinise naso njalo size siye siti qekelele ngapandhle komuzi, sibaleka ngomgwaqo obange eMgu'ndhlovu; amapoyisa amabili asixinile njalo. Ate lapa eqede amamayela amatatu lihle elinye lisicibe ngomkonto. Lisihlabe lisablule. Hau, sifele kona lapo.

Umlilo Futi eNorway.

Omunye futi umlilo eNorway seuqamuke komunye umuzi eMolde lapa seutshise ucezu lomuzi, abantu aba 2,000 bapandhle kabanamakaya. Kepa umlilo uselubhememe futi noko.

Inyanga eMnyama.

U Louisi Mvemve, ose Benoni, ute ehlezi enzela abantu ababuhlungu amakambi kwaze kwasondela nomlungu, uElvethus Moroudos, umtungi wezicatulo. Ute inganti lomuntu wake wasizakala iwona amakambi kamaMvemve, namhla ufike wabanesisila, ukufa kwamtata pezu kwazo izaba lezo.

U Louisa Mvemve lona ngumuntu osenesikati elapa kona lapa abamhlope nabamnyama. Kakuko bufakazi bokuti ubemelapa naye uMoroudos lona, kodwa kufunyanwe incwadi ebhalwe uye uMoroudos ibekwe isitimbu segama lika Louisa Mvemve.

Usebanjiwe kutiwa nguye obange ukuba afe uMoroudos, ngaloko kutiwe kabope £100, ukuze ahambe pandhle.

UmPati Wezabantu Useya Pumula.

Sizwe ngowazi iqiniso ukuti ekupeleni kwayo lenyanga uDiki (Mr. Addison) obetokozeka kangaka ekupateni izindaba zabantu, sekutiwe komkulu, kapumule, usekulile, ngo Feb. 2 uyayeka kungene uMr. Wheelright.

Izwe elipetwe abelungu kalisoze labanasizota ngoba uti lapa umuntu esepelele ukuba indoda akishwe kufakwe abafana. Kuyakalisa okwanamhla kakulu.

Umsindo eNkopolo.

Enkopolo yase State Mines, eBrakpan abantu abazinkulungwane ezimbili balile ukuya kusebenza ngoMsombuluko, amaXosa iningi labo. Ati wona makukishwe umPati weNkopolo, kawamfuni. Kute lapa sekufike amapoyisa abanye bavuma ukuba abanasikalo, bahamba bayakusebenza.

Imbala Bayamvumela uBotha?

Sekukona amahlebezi okuti abangumunxa ka General Botha ePalamende bayakumhlubuka inxa eti makubuye kupume enye imali futi yokusekela amabuto; songati bangapezulu kweshumi nesihlanu abanjalo.

Isinxepezo.

Sesikonjisiwe ukuti amazwi atile abe kwa isandhla ngu Mr. H. Selby Msimang, ngokuweneka ep peni letu lika Octer 22, abonakala epata kabi uNkomozabantu (Mr. Fitz-Gerald) umBhali neHumusha lesiZulu kwaMapumulo. Sitandake ukubeka loku ngapandhle kwokugodhla luto, ukuti sidabuka ngempela ukubalokokubhengeza kwamuzwi sa ubuhlungu uMr. Fitz-Gerald; siyamazisa ukuti sabe singakuhlosile neze loko kwaba ukushelelanje. Asinasifis sokupata kabi igama lika Mr. Fitz-Gerald ngokwazi kwake ukuhumusha. siyashweleza ngokuwaveza lawomazwi akala ngawo.

AbaHleli be"Langa."

Mngane,—Epepeni lako lika October 22, inxenye yencwadi yami ibonakale ipata kabi igama lika Nkomozabantu (Mr. Fitz-Gerald) umBhali neHumusha lesiZulu kwaMapumulo. Ngitanda ukusho esidhlangaleni ukuti ngadabuka kakulu ukuba kwati ngomzuzu wemfudumalo ngaloba uto olwazwisa uMr. Fitz-Gerald ubuhlungu. Ngaginga bhekisele neze ekutini kakwazi ukuhumusha. engikuvumayo ukuba uyakwazi. Ngihoshake ngapandhle kwokugodhla luto nalipi izwi kuleyonewadi elingase lipate kabi uMr. Fitz-Gerald esikundhleni senqu yake, ngiyashweleza kuye.

Ngingu,
H. SELBY MSIMANG

UGQAINYANGA.

Ukubuka ngamagabha kumtot webandhla! Ngikumbula ngiku Gardner Street, eTekwini ngihlangana nomntwanyana ecwatshele wona amagabha lawa esesibuka ngawo. Ngabuka ngati kle: mina muntu wokubukisisa. Ngakubukisisa loko ngoba kakuvamile ukuba ngibone amantombazana evunule ngawo.

* * *

Kangiyi kuba namandhla okuya ukuzwa ukuhlabelela kwabafo bomfundisi Sivetshe eTekwini ngokuba ngiyakuba ngiko Vukendhleleni ngalolo lusuku lapa sengikade ngamenywa kona. Kugcagca intombi yakona encane yakwa Ma-Nkunzana. Sasalusa naye uyise, uteke angeti ekipa umntanake ngisilale.

* * *

Izinyawo zami zangifinyelelisa eTekwini ngolobuhlanu oludhlule. Ngafumana abantu abaninginingi abehla benyuka pakati komuzi bamantombazana, engizwe kutiwa abafundisi babantwana. Isitunzi sabo nokuhamba nokukuluma kwabo kubenze bafanela ukuba babe bapete sona leso sikundhla.

* * *

Amadoda aketelwa ukuhlola isu eliqanjwa busha lokusimamisa amabandhla abutakataka ekondhleni abalusi bawo, kuhle abhekisise ukuti loku kunguku usiza umsebenzi noma kungukuwenza injadu. Ukubuka kakulu izimiso zamabandhla kakuluto inxa izimiso lezo zenza butaka umsebenzi weNkosi.

* * *

Kwabanye abantu kuba mtoti ukuba nesikundhla esitize esimbeka ngasenhla kwabanye abantu. Ngitata njalo ngombuzo wokuti uMongameli lona isilwane sini. Ubuzwa nje pela amandhlana lawa atile anawo engabongeki. Nami ngiti anogaula nibheka bandhla napakati kwenu ukuti nibona isibi njalo kombala wablukile kowenu, kaluko ugongolo kinina na? Ngiyabuza nje kodwa; angisho ukuti kunjalo.

* * *

Ngike ngabona inkosi yesifunda sase Howick, uChief Isaac Mkize eNanda. Ubehambele ehwanqeni lakwa Qwabe uMr. P. J. Gumede. Lenkosi ipundhlwe amahlamvu ihamba ukufa ngokuba amadodakazi abematatu, kepa kunamhla akuseko neyodwa.

* * *

Ngijabulile kakulu lapa ngibona abesifazana (abanye engibaziyo ukuti abagezi) sebegeze imizimba nezindwangu zabo futi.

* * *

Mngane,—Imbala wena Gqainyanga, uke uhlangane njena nabesifazana balapa kiti ao——abaqala ngamapetshisi ukutengisa; kuvutwe umango kube ikonaloko; kuvutwe amaqoboza kube ibona, kuvutwe amaolintshi kube ibona futi? Uze ubafake amagama abo. Babili uL. M. noN. N., abafazi abadala nje. Abakona lapa kiti Emsunduze. Nemihlangano yabesililo ibona. Wohlala eMdhloti ubabheke wobabona. Owase Msunduze. Qa, mfana wami bengingakwazi loko. Baqala nini bona laba? Pela akunacala ukukwenza bengashiyi misebenzi.

SAPUMAPI TINA?

UKUHLAZULULA UHLANGA.

Bayitshaya njalo inkondhlo leyo, sebegaxeke ngapakati emikatini yawonke amaBhunu. Lazwakala kaloku iRwanq'elibomvu las'emGungundhlovu (loku lambhete ingubo yalc ebomvu, limi lapaya enhla ngapakati kwesigodhlo), lahlaba umlozi, lati:—"Babulaleni Abatakati!" Bawatshaya-ke ngamawisa nangezigila, nangemitshiza. At'ub'abone amaBhunu ukuti ayabulawa, akipa omese emakukwini awo amabhantshi, abulala abanye nawo abakwaZulu. Bawabulala bawaqeda nya, basebewatutela odongeni olukulu olunesiwa, kwa'Nkata, lapo-ke kutshingwa kona bonke ababulawa lapo emGungundhlovu.

Ka ti kute uba abone amaLawu lawo abe ehlezi ngapandhle kwomuzi, aluse amahashi, ukuti kanti ayabulawa amaBhunu, agibela amahashi qede abaleka ngelikulu ijubane, okwobane eseyakuti kwamanye: "Nibona tina nje ukupela, ubulewe uPiti namaBhunu onke."

Kwaba njalo-ke ukuqambeka kwokulwa kwamaBhunu no Zulu; uDingane waqalisa ukwenza lobu'bubi kumaBhunu engazi luto wona, ecabanga eti aye ngobuhlobo kuyena; kanti uDingane yena, owab'engase'muntu wa'luto es'onakele, sowangenwa liqungo lokubu'ala, inkosi nabafo wabo, us'ejabulele ukuwabulala onke lawo maBhunu.

Uzwani-ke, kabanga esalibala lapo umfo ka Senzangakona o'rwanqa; kwati kusa kuti juqu, wab'es'eyifaka njalo es'eyiqondisa emTshezi, ukuba iyocobotsha aonoyi namaxegu nezikundhlwana. Kanti amaLawu lawo agijime njalo kawabange esapumula nokupumula. Ite ifika eka Dingane yase iwafunyanisa amaBhunu ab'esele emakaya es'elungile, es'enze isikaniso ngezinqola nangezindonga ezibiyiweyo nangameva.

Wati uba afike lapo uZulu kabe esaqula; yabe seilwa njalo lapo. Mamo! Akula lapo amaBhunu, elekeleliwa yisikanise leso esesenziwe. Po-ke izihalijana zamaZulu kazaze zavuma nazo ukwahlulwa zingangenanga kubo abafo labo. Enqaba impela amaBhunu ukuba basondele abakwaZulu, abaninela kude. Kwanqaba amanina akona nge"skiti," alalisa pansi amaningi. Kwati-ke nonxa wabe eyiyise ngezinkani njalo, kayaze yakwenzela ndawo, yahluleka; ukupela nayo yabulala abatile nje, is'ifile kakulu nayo; ukugc na yogoduka. Eyas'emagebeni-ke leyo.

Yanela ukuti qata nje ekaya leyo ingawabulalanga nya amaBhunu, wab,esepinda eyifaka futi uDingane, wayibangisa kwaNobamba (Weenen), lapa yafika yalwa ngokwesabekayo, yabulalana. Labe liti iBhunu lilinye lipume liyekutsha impi eningi; bheka ku lona likwele ihashi, bona begijima pansi beya kulo; lize libaleke liyekungena esikaniseni, ngoba selibona ukuti sebelificile. Yalwa njalo yaze yapangalala, uZulu es'ebonile ukuti siyabaqeda "isikiti."

And'uba kuti emva kwaloko amaBhunu-ke ayihambela nawo, es'eyiyisa ngas'eNcome, mdhla kupela uZulu wonke, mzukwana amanzi eNcome egijima igazi. Ngalelo'langa, kambe, kumdhla uZulu ahlulwa nya ng'amaBhunu, ngoba pela baza babaleka ngalelo'langa, amaBhunu abaxotsha abagodusa. Abaxotsha njalo-ke amaBhunu aza ayakutshisa umuzi weNkosi, umGungundhlovu; nenkosi is'ibalekile ekaya.

Kuleyo'nkati umntwana uMpande wab'engasavamile ukuya pambi kwenkosi, es'emxwayile umfo wabo, seku kona umoyana wokuti uzakubulawa. Kute ngolunye usuku uDingane, watuma uMahlangeni, wati kaqube umqeku wezitole zi'mashumi'mane aziyise ku Mpande, okwobane emxotshisa umfo-wabo. Wanela ukufika nazo nje lezo'nkomo uMahlangeni ku Mpande, wamhlebela ukuti akusiko ukuxotshiswa loku, kodwa seku icebo lokumyenga ukuba eze azobulawa. Po-ke, uMpande es'ezwile ukuti uzakubulawa, kabange esalinganisa nokuti angayakubonga lezo'nkomo, wahlala eseng'ogulayo njalo emzini wake eNqakavini (owabuye wapenduka waba kus'Emlambongwenya inxa ese inkosi). Kwaseku amadhlodhlongo nje ekanda, izinwele lezi sezahlala zaba isihlutu esikulu.

Kute-ke ngolunye usuku, kwatunywa uBhongoza, owab'e. indloli; ukuba ayekuyenga amaBhunu. Impi yonke yahlala ngas'emfuleni Opate, kanye nezinkomo; kwatiwa mayekut emaBhunwini "Izinkomo sezihlezi zodwa kanye nabafazi; amabuto onke apele nya eNcome, akuseko'muntu noyedwa kwaZulu." At'ukukuzwa loko amaBhunu, abona nawo ngokwawo ukuti uqinisile impela uBhongoza, ngoba ab'eti nonxa es'ekopola ngamafelkiks awo, angaboni'muntu noyedwa; kodwa-ke abone izinkomo zimi zodwa zizidhlela kanye nesifazana. Kanti amaBhunu, ati izinkomo zodwa nje, okunye izihlangu zamaButo, sekuxubene nezinkomo. Nanko-ke es'ehla nembala amaBhunu (loku pela kung'untambeka omkulu ukusuka lapaya pezulu ukuya lapaya enzansi lapa kumi kona izinkomo lezo). Ehla njalo amquba pambili uBhongoza, ehambe embambe ngentambo.

(ISAQUTSHWA.)